**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

9. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | imizuzu engama-40 |

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (Okufundwayo)**

**IMPILO KANOLLIN**

UNollin wazalelwa eMelika, e-New York ngonyaka we-1983. Umama wakhewayengudokotela kuyo le ndawo. Wabe enolwazi olubanzi ngezifo ezingalapheki. Ubaba wakhe wabashiya uNollin enonyaka owodwa vo, waphindela eMexico ngoba wayengowokuzalwa khona. Umama kaNollin wenza konke okusemandleni ukuze ikusasa lendodakazi yakhe libe lihle.

Le ntombazane yayithanda kakhulu umdanso we-Ballet. Ngonyaka we-1999 uNolly njengoba ayebizwa kanjalo uma bemdlalisa, wangenela umncintiswano (competition) omkhulu womdanso. Ngenxa yomsebenzi, umama wakhe wayengeke aphumelele ukuyombukela edansa emncintiswaneni ngoba kwakufanele ayohlinza isiguli esasinekhensa esibhedlela. Akazange aphatheke kahle uNollin ngoba umama wakhe wayengeke ambone edansa. Waphatheka kabi kakhulu waze wafisa nokungayi emncintiswaneni. Yayingekho into ayengayenza ngoba kwakufanele enze umsebenzi wakhe kanti nempilo yesiguli yayibalulekile. Umndeni walesi siguli wabe ubeke ithemba lawo kuye.

Wafika uNollin ehholo, waqala umncintiswano. Washo umculo. Wangena esiteji uNollin waqalaza umama wakhe, akazange ambone. Phela wayenethemba lokuthi mhlawumbe kube noshintsho uma efika emsebenzini wakwazi ukuzombukela. Ngebhadi/Ngeshwa umama wakhe wayengabonwa.

Kwaduma ihlombe abantu bejabulela ukungena kukaNolly esiteji. Waqala ukudansa, wazisonta, waya phezulu waya phansi. Udansa nje inhliziyo yakhe yayingekho emdansweni ngoba wayecabanga ngomama wakhe.Kwathiabantu besathathekile ngomdanso wakhe wawa bhu phansi.Abantu basukuma kwaba nomsindo omkhulu bemangele, imenenja yakhe yaphuthuma kuye. Yambuza ukuthi kwenzenjani. Akazange aphendule wavele wakhala izinyembezi. Bonke abantu badumala bebona lokhu. Kuthe kusenjalo wathola umyalezo owawuthi akaphuthume esibhedlela ngoba umama wakhe wayeselimele engozini yemoto.

Wangena nezicabhaesibhedlela kodwa kwakungasasizi lutho ngoba akabange esamfica,wayesethule. Watshelwa ukuthi umama wakhe ulimale ephuthumaukuyombuka edansa. Wabona ukuthi wayefuna ukumjabulisa ngokuzaemdansweni. Wazibona engumuntu omubi ozicabangela yena kuphela.Kusukela ngalelo langa uNollin wathatha isinqumo sokuthi angeke aphinde adanse empilweni yakhe.

Akabange esathanda ukuhlala e-New York. Wahamba wayohlala nobaba wakhe eMexico. Kwaba nzima ngoba wayengenabo abangani kulelo zwe. Babehlala ngokuxabana njalo nobaba wakhe ngoba wayemsola ngokuthi ukudansa kwakhe yikho okwenza ukuthi umama wakhe abe sengozini yemoto. Wayecasulwa ukuthi sekufanele ahlale naye kanti yena wayeziphilela impilo yakhe.Kwakuthi njalo uma ubaba wakhe esephuzile amshaye amxoshe athi akaphindele e-New York. UNolly wagcina esesebenza wazitholela indawo yakhe yokuhlala.
.
Emva kwesikhashana uNolly wathola umngani, uDilo. Babehamba ndawonye ezindaweni zokuzijabulisa.UDilo wamfundisa imidanso namasiko angakubo eMexico.Ubungani babo bakhula bafika kwelinye izinga. UNolly wayemethemba umngani wakhe waze wamxoxela nangaye kanye nomndeni wakhe. Wamxoxela nesizathu sokushona kukamama wakhe. UDilo wameluleka ngokuthi angazibeki icala ngokushona kwakhe, akaqhubekenempilo. Wamkhuthaza ukuthi akaphindele emdansweni. Emva kwesikhathi wabuyela. Waqala ukuzilolonga njalo uma ebuya emsebenzini. Wangenela umncintiswano womdanso wonyaka eMexico.Wadansa ngendlela emangalisayo. Bonke abantu babethathekile, bemangele,babengakaze babone umdanso oseqophelweni/osezingeni eliphezulu kangaka. Wayekhipha olunye unyawo ngokuhlanganisa i-Ballet Kanye nomdanso waseMexico.

UNollin waduma umhlaba wonke. Wawina iNdebe yoMhlaba emncintiswaneniwokudansa owawungonyaka wezi-2002. Kwathi ngonyaka wezi-2005washada noDilo. UDilo waba ngumqeqeshi omusha nemenenja yakhe.Bathola abantwana ababili nabo babengompetha emdansweni njengomamawabo. **Impela ukhamba lufuze imbiza**

1.1.1 Wazalelwa kuliphi izwe uNolin? (1)

1.1.2 Umama kaNolin wayesebenza msebenzi muni? (2)

1.1.3 Umama kaNolin wayengeke aphumelele ukuyombuka edansa emncintiswaneni. Bhala isizathu (reason) esenza ukuthi angaphumeleli. (2)

1.1.4 Tomula umusho osendabeni ositshela ukuthi abazali bakaNolin behlukana (divorced). (2)

1.1.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalw ngokugqamile emshweni ongezansi sichaza.

**Kwaduma ihlombe** abantu bejabulela uNolin.

A. Bashaya izandla kakhulu. (2)
B. Bashaya izandla kancane.
C. Bamemeza.
D. Bakhala.

1.1.6 Yini eyenza umdanso kaNolin wehluke (to be different) ngesikhathi edansa eMexico ? (2)

1.1.7 UDilo no Nolin babenezingane ezingaki? (2)

1.1.8 Bhala isizathu esenza ubaba kaNolin angathandi ukuhlala nengane yakhe. (2)

1.1.9 UDilo wayekwazi ukudansa, Sekela lesi sitatimende. (2)

1.1.10 Kwenzekani kumama kaNolin ngesikhathi ephuthuma ukuyobuka indodakazi yakhe idansa? (2)

1.1.12 Chaza kabanzi lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile eshweni ongezansi ukuthi sihambisana kanjani nendaba esiyifundile.

**Impela Ukhamba lufuze imbiza.** (2)

**1.**1.13 Ngokucabanga kwakho impilo kaNolini yayiyoba njani ukuba akahlangananga noDilo, Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (3)

**UMBHALO B (Obukwayo)**



[sichashunwe kwi inthanethi]

1.2.1 Khetha impendulo efanele, umuntu uma egeza izandla ngensipho usuka ezivikela…

A. Kumkhuhlane. (2)
B. Kumagciwane.
C. Kuzilonda
D. Isifo senhliziyo.

1.2.2 Bhala ubuhle nobubi bokugeza iziandla empompini. (2)

1.2.3 Ikuphi ongakwenza ukonga amanzi uma ugeza iziandla. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**

**UMBUZO 2**

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale ngokuzivikela ku covid-19.

**IMIYALELO**

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele, amagama owasebenzisile angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UMBHALO C (Ofundwayo)**

**UNGAZIVIKELA KU-COVID-19**

Unyaka ka 2020 ususifundise okuningi ngempilo. Kunezinto ebesizenza ngokungaqapheli kodwa manje lezo zinto ziphephisa izimpilo zethu. Isifo seCovid-19 sivikeleka kalula kunezinye izifo. Yize nje singakabio nalo ikhambi lokweselapha.

Ukugeza izandla usebenzisa amanzi nensipho noma isibulali magciwane esinotshwala kuyalibulala leli gciwane. Bantu kafane bakwenze umkhuba wabo ukugeza izandla ngaphambi kokudla noma uma kade bethinte izindawo ezinokungcola. Abantu kufanele bagcine ibanga elingu 1.5 m nabanye abantu. Leli gciwane kukholakala ukuthi linesisindo esikhulu.

Uma kwenzeka lisuka komunye umuntu liya komunye angek lihamba ibanga elikhuhulu Ukugqoka imask ngaso sonke isikhathi ikakhulukazi uma ibanga lakho nomuntu okhuluma nyae lingelide. Amathe akhe angeke akwazi ukuqhasha eze kuwe. Agcina phakathi kuleyo maski. Uma usuyifakile imaski akufanele ulokhu uzithinti umlomo noma ikhala ikakhulukazi uma ubukade uthi izindawo ezingahlanziwe.

Kwesinye isikhathi umuntu ufikelwa ukuthimula. Kufanele othimulayo agoqe ingalo yakhe uma uthimula noma ukhwehlela. Lokhu kuvikela yena nalabo abaseduze naye. Phela uma uthimula amathe aphuma ngesivinini esiphezulu. Uma kwenzeka ungazizwa kahle unomkhuhlane, hlala ekhaya ukuze ungatheleli abanye abantu.

Uma ungazizwa kahle unomkhulane ongajwayelekile vakashela udokotela. Odokotela yibona abangakuhlola bese bebona ukuthi lo mkhuhlane unawo noma kawunawo. Ngokubambisana lo mkhuhlane singawunqoba ikakhulukazi uma sibambisa futhi sihlonipha nemigomo esibekelwe yona

[Umbhalo wokuziqambela]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

**ISIQHEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO 3**

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO D (Ofundwayo nobukwayo)**

**VIKELA UMNDENI WAKHO**

**NGESIBULALI MAGCIWANE SE-DETTOL**




- ❖ Yenziwe ngamakhambi esintu( Traditional herbs)
- ❖ Uyigcobo kanye nje ibulale amagciwane usuku lonke.
- ❖ Igcina izandla zakho zibushelelezi (smooth)
- ❖ Ivikela amagciwane.
- ❖ Iqinisekiswe ososayenzi bomhlaba
- ❖ Inephunga elimnandi.
- ❖ Itholakala kuzo zonke izitolo

Zitholele eyakho ushuthe isiliphu bese usifaka ezinkundleni zokuxhumana uzibeke ethubeni lokuwina R5000.

[sicashunwe: www.faceproduct.za]

3.1 Yini ekhangiswayo kulesi sikhangisi? (1)

3.2 Yiziphi izinkundla zokuxhumana ongathumela kuzo isiliphi ukuze uzibeke ethubeni lokuwini? Bala EZIMBILI. (2)

3.3 Ngabe inkulumo eseshweni olandelayo IQINISO noma IPHUTHA, sekela impendulo yakho.

Uyigcobo kanye nje ibulale amagciwane usuku lonke (2)

3.4 Bhala igama eliyisabizwana sokubala emshweni ongezansi:

Itholakala kuzo zonke izitolo. (1)

3.5 Ikuphi okufanele ukwenze ukuze ube sethubeni lokuwina uR5000. (2)

3.6 Ngokucabanga kwakho yini igama Dettol libhalwe ngamagama amakhulu kulesi sikhangiso. (2)

**[10]**

**UMBUZO 4**

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO E (Ofundwayo nobukwayo)**




[www.googlepics.com]

4.1 Bhala OKUBILI okwenziwa abantu abasesithombeni (2)

4.2 Funda umusho ongezansi ubhale izinhlobo zamabizo abhalwe ngokugqamile.

(a) **Amaphoyisa** Anjani lawa ahlale elele emini. (1)

(b) **Umphath**i wesiteshi ushaya phansi ngonyawo. (1)

4.3 Bhala uhlobo lwesikhali (weapon) esitholakala kulesi sithombe? (2)

4.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe:

Ukudla izimbiza zikaFaro kuchaza…

A Ukuphuza amanzi.

B Ukuphuza utshwala. (2)

C Ukudla ukudla okumnandi.

D Ukudla isidlo esiphambili.

4.7 Yini okufanele yenziwe ukuvimba ukweqa kwezigebengu eziyingozi ejele?

Bhala amaphuzu AMABILI… (2)

**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela:

**UMBHALO F (Ofundwayo)**

LELI YISIKO LAMI

Izingane zamanje zinenkinga yokulandela amasiko azo. **Abantu** abadala balindele ukuthi izingane kube yizona ezibahloniphayo. Ngokwesiko lesiNtu,ingane ayimbuki umuntu emehlweni. Amehlo kufanele iwabhekise phansi. Lokhu kukhombisa inhlonipho. Izingane zihlonipha abantu abadala. Emandulo ingane ebuka umuntu omdala yayithethiswa kabuhlungu. UBhekumuzi ungomunye othanda amasiko kakhulu. Ugqugquzela intsha yamanje ukuthi ingawabukeli phansi amasiko ayo. Ukubingelela enye indlela yokuhlonipha. Ngelinye ilanga uMaKhumalo wavutha umlilo ngenkathi uSihle edlula engambingeleli. Wamthethisa. USihle waxolisa wathi ubenganakile ubesaphendula umyalezo kamakhalekhukhwini. UMaKhumalo ubafundisa inhlonipho abantwana. Ukwazi amasiko kubalulekile kuwo wonke umuntu. Izingane azifunde amasiko ngoba ayingxenye yempilo yazo.

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1.1 Hlobo luni locwezu lwenkulumo olubhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.

Abantu **abadala** balindele ukuthi izinganekube yizona ezihloniphayo. (2)

5.1.2 Nciphisa ibizo elibhalwe ngokugqamile esiqeshini esingenhla bese ulisebenzisa emshweni ozozakhela wona. (2)

5.1.3 Phinda ubhale lo musho olandelayo ukhombe ubuningi (plural).
Ingane ayimbuki umuntu omdala emehlweni. (2)

5.1.4 Lungisa amaphutha kulo musho olandelayo:

Usihle waxolisa wathi ubenganakile ubesaphendula umyalezo kamakhalekhukhwini (2)

5.1.4 Ibizonto elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo lisuselwe kusiphi isenzo?
Lokhu kukhombisa **inhlonipho**. (2)

5.1.5 Bhala isigaba sebizo elibhalwe ngokugqamile emshweni elandelayo.

**Izingane** zamanje zinenkinga yokulandela amasiko azo. (1)

5.1.6 Guqula (change) ibizo elibhalwe ngokugqamile libe isabizwana soqobo.
**UBhekumuzi** ungomunye othanda amasiko kakhulu. (1)

**5.2** Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO G (Ofundwayo nobukwayo)**



[Sicashunwe ku-www.pictures.com]

5.2.1 Yini ekhombisa ukuthi abangani (friends) laba abasesithombeni? (2)

5.2.2 Zingaki izinkomishi ezisetafuleni, Bhala ngesizulu esiqondile. (2)

5.2.3 Bhala amazwi akhombisa umuzwa wenjabulo ashiwo uJudy. (2)

5.2.4 Nciphisa igama imali bese ulisebenzisa emshweni ozozakhela wona. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**